# HILLCREST HIGH SCHOOL

## IBANGA LESI-8

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA**

**IPHEPHA LOKUQALA (P1)**

**NOVEMBA 2022**

**AMAMAKI: 60**

**ISIKHATHI: Amahora ama-2**

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (20) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Umbhalo obukwayo | (10) |
| | Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi | (20) |

2. Phendula YONKE imibuzo.
3. Qala ISIQEPHU ngasinye ekhasini ELISHA.
4. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
5. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho
6. Uyayalwa ukuba ubhale ngesandla esifundekayo nesibonakalayo.

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1**

Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

**UMBHALO A: OFUNDWAYO**

**UKUZIKHANDLA EMCULWENI KUSHINTSHE IMIQONDO YABOMNDENI**

Kuyamgqugquzela ukwesekwa wumndeni wakhe futhi usuyasiqonda isizathu esenza ukuthi **ayishaye indiva** imfundo kepha anamathele emculweni.Umculi wamapiano osedume emazweni uPabi Cooper, ogama lakhe langempela nguPaballo Mothapo, udalule lokhu ngenkathi echaza indlela umndeni wakhe osumeseka ngayo ngethalente lakhe lokudansa nokucula. Intokazi eyaziwa emculweni ngengoma ethi *Isiphithiphithi*, lapho epike khona uReece Madlisa noBusta, ngeledlule ikhiphe ingoma ethi: *Cooperville,* kanti inezingoma eziyisishagalombili. "Ngisaqala umndeni wami ubungayizwa kahle indaba yokungena emculweni ngoba ukholelwa emfundweni kakhulu. Ukusebenza kanzima kwami bekuyindlela yokuzibonakalisa kubona ukuthi yinto engizimisele kangakanani ngayo," kuchaza uPabi.Uthe kumanje bayameseka ngokugcwele ngoba sebeyabona ukuthi lokhu akukhethile kuyamsebenzela. Abazali abaningi abayithandi kahle eyabantwana babo abafuna ukugxila kwezikaqedisizungu (*entertainment industry)*. Lokhu abazali bakubona njengento engenalo ikusasa eliqhakazile. Okunye okwenza abazali bangabeseki abantwana babo basabela ukuthi akusibona bonke abaculi abaphumelelayo. Kepha lo mculi kumhambela kahle uyaphumelela.

Mayelana nempumelelo yomculo wakhe uthe uhlela ukuhambela amadolobha akuleli ukuze ajabulise abalandeli bakhe ngoba usevamise ukuya emazweni aphesheya. Uthi ufuna ukuhambela amadolobha asekhaya kuqala ngaphambi kokuthi aphinde aphume aye emazweni angaphandle. Kule ngoma entsha usebenzisane nezintandokazi zabaculi bakuleli okubalwa uLady Du, Focalistic, Blxkie, Mellow noSleazy. Echaza ngokuhlanganiswa kwayo uthe uyiqophe ngo***February*** kanti ziningi ezinye izingoma ezigcine zisala azozisebenzisa ngokuzayo.

Lo mculi ubonga ukuthi izinto zimhambela kahle futhi usazimisele ngokugxila emculweni kuqala, akafuni ukugxumela kweminye imikhakha. Kuzokhumbuleka ukuthi abaculi abaningi babuye bazibandakanye nokulingisa (*acting)*. Impumelelo yakhe iza emuva kwesikhathi esinzima lapho abaculi abaningi besanda kubuyela ngokugcwele kwezikaqedisizungu (*entertainment*) ngemuva kwe-Covid. Lesi sifo salivala thaqa izwe akwangababikho imicimbi. Abaculi abaningi bagcine sebehluleka ngisho ukukhokhela imizi nezimoto ngoba le micimbi yiyona abaziphilisa ngayo. Baningi ababe yinhlekisa sebedlelwa izimoto kanye nemizi yabo. Izinkundla zokuxhumana zikubeke obala ukuthi ngaphandle kwemicimbi abaculi abanayo enye indlela yokuziphilisa. Lo mculi ubonge abalandeli bakhe ngokumeseka. Le ntokazi yethembise ukuhlala izithobile ngaso sonke isikhathi ingahlanyiswa udumo nemali ukuze impumelelo yayo ingeke isheshe iphele. "Umculo kuyenzeka uthengwe kuyenzeka uphinde ungathengwa ngakho kufanele ulisebenzise ithuba" Kusho yona.

1.1.1 Shono igama nesibongo sangempela salo mculi okukhulunywa ngaye. (1)

1.1.2 Hlobo luni lomculo adume ngawo lo mculi okukhulunywa ngaye? (1)

1.1.3 Bhala igama lengoma aziwa ngayo lo mculi. (1)

1.1.4 Chaza inkolelo yomndeni walo mculi ngephuzu ELILODWA (2)

1.1.5 Khetha impendulo eyodwa kulezi ozinikeziwe.

**Ukushaya indiva kusho…**

A ukuthanda iculo.

B ukunganaki.

C ukuthula ungasho lutho.

D ukuqamba iculo. (2)

1.1.6 Bhala igama lenyanga esesiqeshini ngesiZulu sangempela. (2)

1.1.7 Tomula umusho osesiqeshini ositshela ukuthi abazali abaningi abakuthandisisi kahle ukuthi abantwana babo bakhethe umculo. (2)

1.1.8 Kungaba namphumela muni ukuthi abaculi bangaqashwa emicimbini? (2)

1.1.9 Yini enye eyenziwa abaculi abaningi ngaphandle kokucula? (2)

1.1.10 Shono ukuthi IQINISO noma UMBONO bese wesekela impendulo yakho

Lo mculi akanandaba nabalandeli bakhe. (2)

1.1.11 Bala abaculi abathathu lo mculi acula nabo engomeni yakhe entsha (3)

**(20)**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

### UMBUZO 2

Funda UMBHALO B ongezansi bese uwufingqa ngamaphuzu ayi-7 ubhale NGEZINKINGA EZIDALWA UKUNGALALI NGOKWANELE.

**IMIYALELO**

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele.
2. Inani lamagama malingeqi/lingedluli kwangama-50.
3. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
4. Bhala iphuzu/umusho emgqeni omusha.
5. Ekugcineni bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UBHALO B: OFUNDWAYO**

**IZINKINGA EZIDALWA UKUNGALALI NGOKWANELE**

Ukulala kubalulekile empilweni. Uma singalali ngokwanele kunganyuka izinga lezifo emizimbeni yethu. Ucwaningo lwakamuva luveze ukuthi abantu abalala amahora angaphansi kwayisithupha bangazithola sebenesifo sohlangothi ('stroke') nezinye.

Ikhono labantu abasha lokuxazulula izinkinga ('problem-solving') lehle kakhulu. Abanye baze bazivalele emagunjini abo, nabanye bazilimaze ngenxa yokuphelelwa yizinga lokucabanga. Lokhu kwenziwa yikho njalo ukungaziniki isikhathi esanele sokulala.

Uma ungalali ngokwanele ungaphinde ube nenkinga yesisindo esiphezulu somzimba. Abantu abasha basebenzisa ukuzivocavoca ukwehlisa umzimba kodwa kungabasizi kangako. Uhlobo lokudla okudlayo kungelekelela kakhulu ekwehliseni isisindo somzimba.

Okunye okungaba yinkinga ukuvuka umzimba ukhathele. Uzizwe sengathi awukaze ulale nhlobo ebusuku noma kade ugijima ubusuku bonke, ushaywa ngento enkulu kanti yikho ukuthi awulalanga ngokwanele.

Abantu abangalali ngokwanele baba nolaka kwabanye abantu. Ezikoleni sithola abafundi abahlale bexabana nabanye abafundi, nasemakhaya baze baxabane nabazali. Uma ulandela uthola ukuthi bayaphuza ukulala laba bafundi ngenxa yamagigi/yamaphathi.

Abanye baphelelwa umsebenzi ngenxa yokungalali ngokwanele. Bayaphuza ukuvuka, bafike emsebenzini sekwedlule isikhathi. Phela akekho umqashi ongabekezelela umuntu onaleyo nkinga emsebenzini.
Ukungalali kudala ukuthi umuntu enze izingozi emgwaqweni. Konke lokhu kudalwa ukungakunaki ukuthi umuntu azinike isikhathi esanele sokulala.

[Umbhalo wokuziqambela]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3

Buka lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo.

### UMBHALO C: OFUNDWAYO NOBUKWAYO

# HLANGANANI WEDDING AND CONFERENCE CENTRE

UDINGA INDAWO YEMICIMBI ESEZINGENI ELIPHEZULU?
USUFIKE KHONA.



LE NDAWO INGAKUNIKA LOKHU OKULANDELAYO:

| IZITHOMBE | UKUDLA | UKULALA | UKUSHADA |
|---|---|---|---|
|  |  |  |  |

Indawo yokupaka imahhala!!

Sineminyaka eyi-10 saba khona.

Izinhlelo zokukhokha ezihambisana nephakethe lakho zikhona.

SITHINTE MANJE UBEKISE INDAWO!

Sebenzisa lezi zinhlobo zokuxhumana ukuze uthole imininingwane ngale ndawo.

@hlaweddcocentre hlanganiwed.conf@gmail.com 086 001 2425

Imithetho nemibandela: Thumela uhlu lwabantu bakho kusenesikhathi.

[Umbhalo wokuziqambela]

3.1 Nikeza igama elinomqondo ofanayo nelithi 'udinga'. (1)

3.2 Tomula umusho esikhangisweni onencazelo yokuthi kulula ukukhokha kule ndawo. (1)

3.3 Bhala igama elikubakaki ngokuphelele: Sineminyaka (eyi-10). (1)

3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Ngokwesikhangisi igama elithi 'sithinte' lisho ukuthi ...

A sifonele.
B sibambe.
C sivakashele.
D sithume. (1)

3.5 Sizathu sini esenze umbhali walesi sikhangisi wabhala lokhu ngamagama amakhulu?

HLANGANANI WEDDING AND CONFERENCE CENTRE (2)

3.6 Bhala izinto ezimbili le ndawo engakunika zona. (2)

3.7 Ngokucabanga kwakho kungani umbhali wesikhangiso esebenzise izithombe? (2)
**[10**

**UMBUZO 4**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

**UMBHALO D: OFUNDWAYO**

Abafundi bahlonipha okwezingelosi ukuze baphumelele esikoleni. Uthola abafana bevuka ekuseni. Bashiya imidlalo enhlobonhlobo abayikhonzile, namantombazane ngokunjalo. Abanye abafundi baze baye ezindaweni beyohlangana nabanye babe amaqembu. Basebenzisa amaphepha amadala bezama ukubukeza umsebenzi wabo wesikole.
Hhayike inyanga kanovemba basuke sebengasafisi lutho. Abanye izifundo bazibhala ngambili ngosuku. Ubathola bengasalali ubusuku nemini, ubezwe bethi 'Zizophela nini lezi zivivinyo?'. Abanye basuke **bedinwa** ukuthi abasakwazi ukuyodlala nezinye izingane. Abakwazi nokubukela izinhlelo zikamabonakude abazithandayo. Emakhaya uthola indlu isiphenduke umtapo wolwazi kulabo abafundayo ngokuzimisela. Abanye bahlala dekle bangabi nandaba.

4.1.1 Bhala ibizo 'abafundi' libe sebunyeni noma likhombe ubunye. (1)
4.1.2 Bhala isiqalo sebizo elithi: 'imidlalo'. (1)
4.1.3 Tomula igama eliphendula umbuzo othi nini (isandiso senkathi) kulo musho 'uthola abafana bevuka ekuseni'. (1)
4.1.4 Lungisa umusho olandelayo ufake izimpawu zokuloba ezifanele dwebela igama olilungisile): 'Hhayike inyanga kanovemba basuke sebengasafisi'. (2)
4.1.5 Nikeza igama elimqondofana elibhalwe ngokugqamile esiqeshaneni (2)

4.1.6 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe.
Igama elithi 'iqembu' lisho…
A imfuyo.
B umuntu odlalalayo.
C abantu abaningi. (1)

4.1.7 Lungisa igama elikubakaki ukuze umusho uzwakale kahle:
Mina (sebenza) kakhulu ngonyaka ozayo ukuze ngiphase. (2)

4.1.8 Shono ukuthi luhlobo luni lwebizo elithi: 'umabonakude' (2)

4.1.9 Bhala igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho libe isikhuliso:
'Emakhaya uthola **indlu** isiphenduke umtapo wolwazi', (2)

4.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E: OBUKWAYO NOFUNDWAYO**




[Sichashunwe ku-www.googlepictures.com]

4.2.1 Gcwalisa ngesakhi esifanele kuleli gama elikubakaki:

Izingane (-bili) ziyabhala. (1)

4.2.2 Khipha igama elikhombisa ongumnini enkulumweni kathisha. (1)

4.2.3 Bhala igama elithathwe kolunye ulimi (umfakela) kulo musho:

'Bamba ipeni kahle.' (2)

4.2.4 Bhala igama elinencazelo yokuthi kwakukhanya kakhulu ekilasini (isenzukuthi) kulo musho olandelayo:

Kwakukhanya bha sengathi kukhanyise ilanga. (1)

4.2.5 Tomula igama elikhomba isabizwana sokubala kule nkulumo kathisha. (1)

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 60**